AEQUAM SERVARE MENTEM



Sastri College
Isikhungo SeziLimi
IsiZulu Ulimi lokuqala Lokwengeza
Ukuhlolwa Kwaphakathi Nonyaka ( June Exam -2018)
**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

**IBANGA LESISHIYAGALOMBILI (GRADE 8)**

**Umhleli**: Z.Nzama
**Umklomelo**: 40

**Umcubunguli**: N.Z.Zondi
**Isikhathi**: Ihora elilodwa

**IMIYALELO**

1. Iphepha linamakhasi ayi- **5**
2. LineziQEPHU EZIMBILI.
   - ISIQEPHU A: INOVELI. **(20)**
   - ISIQEPHU B: IZINDABA EZIMFUSHANE. **(20)**
3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
4. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa Emva kwaleso siqephu.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhaliwe emibuzweni.
6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
8. Bhala ngobunono namgesandla esifundekayo
9. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:
   - **ISIQEPHU A: Imizuzu engama- 30**
   - **ISIQEPHU B: Imizuzu engama- 30**

**Pheqa ikhasi**

## ISIQEPHU A: INOVELI- ZIBANJWA ZISEMAPHUPHU

### UMBUZO 1

1.1 Funda isiqeshana ngezansi bese uphendula imibuzo ezolandela

**Kwase kuthanda ukunqundeka amehlo** kusihlwa futhi kupholile. Unyezi uthe bha ngenkathi uNomusa ehamba eyokweqa umgwaqo ophuma eDundee eyongena ehlashaneni elisentabeni iPhunganhloye. Wayedamane ebuka izinkanyezi ezazigcwele esibhakabhakeni ezabe siluhlaza cwe! Wahamba uNomusa enqamula ezihlahleni zomunga ngaphambi kokuba afike esihlahleni somkhamba esikhulu esasime sodwa esikhotheni. Ngaleso sikhathi kwabe sekuyihora lesikhombisa kusihlwa. Naye Unomusa wayeke ashaywe uvalo ezibuza eziphendula ukuthi wabe esithathaphi isibindi sokwenza leya nto abe eyenza. Wafika wema wathula ngaphansi kwesihlahla somkhamba, eyedwa futhi kungekho muntu lapho.
Kusenjalo kwaqhamuka imoto ngesikhulu isivinini ezansi ngaseBatsheyeza izongena ngasemgwaqeni oya edolobheni eNquthu. **Izibani zemoto zahlala kuye** uNomusa waze wazama ukucasha wena owabona unogwaja ukhanyiswa yimoto ebusuku. Yathi uma ifika lapho kuhlangana khona imigwaqo yema imoto ilokhu ibeke izibani zayo kuNomusa.

1.1.1 Wayelibangisaphi uNomusa ebusuku? **(1)**

1.1.2 Kungabe wayazi yini umama kaNomusa ukuthi akekho ekhaya? **(1)**

1.1.3 Yiliphi leli cebo alakha uNomusa njengoba wayengekho ekhaya. Chaza. **(2)**

1.1.4 UNomusa wayeyingane enamanga. Uyavuma noma uyaphika? Sekela impendulo yakho. **(2)**

1.1.5 Eyakuphi le moto eyayikhanyisa uNomusa ebusuku? **(1)**

1.1.6 Yisiphi isisusa sodweshu kule noveli? **(1)**

1.1.7 Chaza lezi zimo zokukhuluma ukuthi zisho ukuthini:

1.1.7.1 Kwase kuthanda ukunqundeka amahlo. (2)
1.1.7 2 Izibani zemoto zahlala kuye. (2)

1.1.8 Kungabe uMgqumeni wayemthanda ngempela uNomusa? Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.9 Khetha impendulo efanele kubakaki.

1.1.9.1 UNomusa wayebuye abizwe ngo ( Musawakhe, Qhudeni, Gogo.) (1)

1.1.9.2 Umfowabo kaNomusa u ( Sphamandla, Sipho, Sakhile.) (1)

1.1.10 Qondanisa UHLU A noHLU B

| UHLU A | UHLU B |
|---|---|
| 1.10.1 UMemu Lindelwa | a) WayengowakwaSibiya. |
| 1.10.2 UMakhosazane | b) EKucabangeni Secondary |
| 1.10.3 UNomusa wayefunda | c) Umfazi wephepha. |
| 1.10.4 UMaSithole | d) WayengowakwaKhanyile |
| | e) EPhunganhloye Secondary |
| | f) Unina kaNomusa |

(4)

**Amamaki Esiqephu A: [20]**

## ISIQEPHU B: IZINDABA EZIMFUSHANE

Funda izindaba ezimfushane bese uphendula imibuzo ezolandela.

### 2.1 Kwanzima UKwamukela

UNomasonto uyaqala ukubabona . Nalaba abehle kuyo uyababona nje ukuthi bacaphuna kusale, **badla izambane likapondo** uqobo lwalo. Ingabe bangobani futhi bafunani? Pho uzobuza kubani. Ugogo nomkhulu bahleli nabo laba bantu laphaya endlini enkulu , okwakhe ukulinda nje.

Nomakhelwane bayazibuza bayaziphendula ukuthi kazi eyakuphi le **mpunyela**. Injinga uqobo lwayo. Phela baningi abakholwa ngukuthi liyezwakala iphunga likamacaphuna kusale. Lapha ekhaya uNomasonto uhlala nogogo nomkhulu. Babehlupheka kakhulu kudala unina uDeliwe esafundela ubudokotela. Njengoba esaqeda nje ayisekho inkinga kangako ngoba unina ubenzela konke yize esashadela kwenye indawo. Manje isimo sempilo sifana neseminye imizi ephila impilo esezingeni eliphakathi nendawo. Akulalwa kungadliwe lapha ekhaya. Ugesi uyakhokhelwa, uNomasonto uyafunda kanti omkhulu nogogo nabo bayayihola impesheni. Bayambonga kakhulu uNkulunkulu ngakho konke nenhlanhla yokwazi ukuthi abantu abalingani. Kodwa konke lokho ngeke ukuqhathanise **nonyanyavu lwemoto** lolu olume lapha ngaphandle.

2.1.1 Bangobani laba abahamba ngale moto evakashele kubo kaNomasonto? (1)

2.1.2 Kungani uNomasonto engahlali nabazali bakhe abamzalayo? (1)

2.1.3 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe esiqeshini:

2.1.3.1 Badla izambane likapondo. (2)
2.1.3.2 Unyanyavu lwemoto. (2)

2.1.4 Yisho izinto ezimbili ezifakazela ukuthi baphila impilo ephakayhi nendawo kaNomasonto. (2)

2.1.5 Yisho ingwijikhwebu etholakala kule ndaba. (2)

**[10]**

2.2 **Fundani Ukuzithiba Zingane**

Bamangele bonke endlini futhi bayabuzana ukuthi ngabe ubani ngoba bonke baphelele, futhi yiSonto, wusuku lokuphumula. Ubani-ke ongavele afuhleleke emzini womuntu engashongo? Basakwenza abantu kodwa akusajwayelekile. Osekubamisa isibindi nje ukuthi kusemini, ngabe sekungokunye ukuba kusebusuku. Phela izigebengu zibhoka kakhulu ebusuku. Kwasukuma indodana encane yalapha kaDlamini, uThobani wavula emnyango. Bamangala bonke endlini ngesikhathi uThobani egqolozele osemnyango sengathi ubona isipoki uqobo lwaso. Wakhamisa njalo, amehlo ewahlabe kosemnyango abuye awaphonse kulabo abahlezi ngaphakathi ekhishini. Kwathi kamuva wezwakala ethi, " Ngena sisi." Kungene umgqomo wentokazi ephethe ingane. Kusuke kushiwo into enjena-ke uma kukhulunywa ngendoni yamanzi. Ubude bayo bulifanela kahle elithi umgqomo kanti ukuba yinsizwa ngabe sithi umqangabhodwe.

2.2.1 Ngeyakuphi le ntokazi efika nengane kulo mndeni? (1)

2.2.2 Ngubani uyise wale ngane? (1)

2.2.3 Caphuna amagama asho lokhu okungezansi esiqeshini esingenhla:

2.2.3.1 Umuntu omnyama omuhle. (1)
2.2.3.2 Ukufika ungalindelwe.. (1)

2.2.4 Phawula ngesizinda sale ndaba ngaphansi kwesikhathi.
Nikeza isibonelo usicaphune endabeni. (2)

2.2.5 Ngabe isihloko sendaba siyaxhumana yini nendaba.?
Sekela impendulo yakho. (2)

2.2.6 Bhala izinhlobo ezimbili zodweshu ozifundile. (2)

**[10]**

**Amamaki Esiqephu B: [20]**

**AMAMAKI ESEWONKE : [40]**